Ngokuba Yisiphi Isizwe Esikhulu Kangaka Na?

iSABATHA EMINI

Kuleliviki Funda Lokhu: *Dut. 4:1–9, Mat. 15:1–9, Num. 25:1–15, 1 Kor. 10:13, Dut. 4:32–35, Mat. 5:13–16.*

Indimana Yekhanda: **" 'Futhi yisiphi isizwe esikhulu esinezimiso nezahlulelo ezilungile njengawo wonke lo mthetho engiwubeka phambi kwenu namuhla na?' "** ***(Duteronomi 4:8, NKJV)*.**

Izahluko ezintathu zokuqala zikaDuteronomi zaziyisifundo Somlando, zikhumbuza abantu ngalokho ababedlule kukho kuze kube yilesisikhathi. Kuthi lapho sifika esahlukweni sesine, isifundo somlando siguqke sibe yintshumayelo. Ukukhumbula kwezigameko kwakungekona nje okwabathanda umlando; kunalokho, kwakunenhloso, kubabonisa amandla kanye nomusa kaNkulunkulu esebenza phakathi kwabantu, futhi nakuba babona, uJehovah wayesazolukhu ehloniphe isivumelwano Sakhe kanye nabo.

Isahluko sesine Siqala ngegama lesiHeberu (isihlanganasino kanye nesandiso), *we'attah*, okungahumushwa ngokuthi "Manje futhi" noma "Manje ngalokho." Babesanda kubuyekeza umlando wabo ongemdala, isikhumbuzo salokho uNkulunkulu ayekwenzile ekubafikiseni kulendawo—ngalokho, noma "manje ngalokho," kumele benze lokho uNkulunkulu abatshela ukuba bakwenze *(Bheka uDut. 10:12)* ngokuphendula.

Yingakho isenzo sokuqala esiqhamuka ngemuva kuka "manje ngalokho" singu-*shama*" isenzo esifana (futhi ngesimo esifanayo njengaleso esisetshenziswa kumkhuleko we-*Shema*, futhi sichaza "ukuzwa" noma "lalela" noma "Thobela"—isenzo esiphindaphindwa kuwo wonke uDuteronomi.

Ngalokho, Isahluko Siqala: *Manje ngalokho, Israyeli, ngenxa yalokho enginenzele kona, kumele nilalele okulendalayo....*

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, November 6.*

Ungathasiseli noma Unganciphisi

Funda: uDuteronomi 4:1, 2. Yisiphi isixwayiso esiqondile uJehovah abanikeza sona mayelana "nemiyalelo nezahlulelo" Zakhe, futhi kungani lokho kube yinto abaxwayiswa ngayo zisuka nje na? *(buka futhi uDut. 12:32.)*

_____

_____

UJehovah ubatshela ukuba balalele "imiyalelo kanye nezahlulelo" futhi bangathasiseli noma banciphise kuzo. Ukusholani lokho na? Futhi, kungani othile engafuna *ukuguqula umthetho kaNkulunkulu* na?

Nembala, siyayazi impendulo.

"USathane ubekezele futhi wangakhathala emizamweni yakhe yokuqhubeka nomsebenzi awuqala ezulwini, ukuguqula umthetho kaNkulunkulu. Waphumelela ekwenzeni umhlaba ukholwe lemfundiso ayeyethule ezulwini ngaphambi kokuwa, yokuthi umthetho kaNkulunkulu wawunesici, futhi udinga ukubuyekezwa. Isigaba esikhulu salabo abazibiza ngebandla lobuKristu, ngomoya wabo, uma kungewona amazwi abo, bubonisa ukuthi bamukele amanga afanayo."—Ellen G. White, *Selected Messages*, Book 2, p. 107.

Uma Ucabanga ngomlando kaIsrayeli wasendulo, ubona ukuthi ngezindlela eziningi bangena enkingeni hhayi kuphela ngoba benganaki ezinye izigaba zomthetho, okwakungukunciphisa emthethweni, kodwa babethasisela kuwo, ngandlela thile bafaka imikhuba eyayingabaluliwe emthethweni okwakuthi, ekugcineni, kuholele ekuphambukeni kuwo.

Funda: uMathewu 15:1-9. Sisibona kanjani isibonelo salesosimiso, noma kukwenye indikimba, uMose axwayisa abantwana bakwaIsrayeli ngaso na?

_____

_____

Ngenkathi AmaHeberu ekugcineni ezuza izwe ababethenjiswe lona, babevama ukunganaki izixwayiso eziqondile, ngokwesibonelo, Ukukhonza izithombe. Ngenxa yalokho, babelandela imikhuba eminingi yabahedeni, ngezinye izikhathi zibe yibe yingxenye yalokho okumele kube ngukukhonza kwabo u-Yahweh. Kuthi ngesikhathi sikaJesu, nokho, basebethasisele zonke izinhlobo zezimfundiso zabantu, njengalokhu uJesu ngoKwakhe asho, benza "umthetho kaNkulunkulu waba yize."

Noma ngabe yikuphi, ukuthasisela noma ukunciphisa, umthetho waguqulwa, futhi isizwe sabhekana nemiphumela.

Kungaziphi izindlela okumele siqaphele ngazo ukuba singathasiseli noma sinciphise kulokhu uNkulunkulu asitshela ukuba sikwenze na?

Baal Peor

KuDuteronomi 4:3, 4, abantwana bakwaIsrayeli banikezwa isifundo esengeziwe Somlando, ukuba sisebenze njengesikhumbuzo sokudlule futhi kube namaqiniso aphathekayo kwezikamoya okumele bawafunde kuwo.

Funda: uNumeri 25:1-15. Yini Eyenzeka, futhi yiziphi izifundo kwezikamoya kanye namaqiniso aphathekayo okwakumele bawathole kulomonakalo na?

_____

_____

Nakuba singazithandi izindaba zikaIsrayeli ebhubhisa ezinye izizwe zabahedeni ezazibazungezile, lendaba isisiza ekuchazeni umqondo ngemuva komyalelo. UIsrayeli kwakumele abengufakazi ezizweni zabahedeni ngoNkulunkulu weqiniso—okungukuphela Kwakhe uNkulunkulu. Kwakumele babeyisibonelo sokubonisa ukuthi Ukukhonza uNkulunkulu weqiniso kwakunjani. Kunalokho, ngokuhambisana "nonkulunkulu" ababazungezile, babevama Ukuwela ekuhlubukeni kuNkulunkulu okwakumele bamethule ezweni.

Nakuba isisho esithi "ukufeba" sivama ukuba nencazelo yezikamoya, ngokuthi uIsrayeli wayelandela abanye onkulunkulu nemikhuba *(buka uHos. 4:12-14)*, kulokhu ulimi (kanye nayo yonke indaba) iveza ukuthi kwakunesono socansi kulokhu, okungenani ekuqaleni. Lapha futhi, uSathane wathatha intuba yesimo sesintu esiwileyo, esebenzisa abasefazane babahedeni ukulutha amadoda, nawo okusobala ukuthi azivumela ukuba alutheke.

Akungabazeki, isenzo sokufeba ngokwenyama sahlela ekufebeni kwezikamoya, ngokufanayo. Abantu abathintekayo bagcina bebishe emikhubeni yobuhedeni yokukhonza ngayo uIsrayeli "abamunye no-Baal Pewori;" Okungukuthi, ngendlela thile banamathelana nalonkulunkulu wamanga futhu banikela kuye. Ngaphandle kwakho konke ababekufundisiwe futhi bekutsheliwe, babezimisele ukukulahla konke ngenxa yemizwa kanye nenkanuko.

Lokhu kwakungezeka kanjani na? Kalula. Ngokuqinisa unembeza wabo ngesono sokuqala, esenyama, babesebevuthiwe ukuba bawele kwesakamuva, esikamoya, okwakungumgomo omkhulu kaSathane. Basebezehlise kakhulu kangangokuba, ngokombhalo, enye indoda yaletha Owesifazane wakwaMidiyani enkambini uqobo, khona ngaphambi KukaMose, nangaphambi kwabantu ababelila ngaphandle kwendawo engcwele.

Izingqondo zethu kanye nemizimba ihlangene kakhulu. Okuthinta okunye kuthinta nokunye. Yini esingayifunda kulendaba ngobungozi ukuzitika okungaba yiko kithi kwezikamoya na?

Namathela KuJehovah UNkulunkulu Wakho

Izigidi zafa esonweni no-Baal Peor. “Onke amadoda ayelandele u-Baal Peor” abhujiswa. Nakuba kunjalo, abaningi abazange balandele lokhu kuhlubuka.

Kwakungobani na?

“Kodwa nina enanamathela kuJehova uNkulunkulu wenu nisekhona nonke nanamuhla” *(Deut. 4:4)***. Lombhalo uwuchaza kanjani umehluko phakathi kwalabo abawela esonweni nalabo abazange na? Yimuphi umbiko obalulekile kithina lapha mayelana nesono kanye nesilingo kanye namandla kaNkulunkulu ezimpilweni zethu na?**

_____

_____

Qaphela Ukuphikisana phakathi kwegama “bonke” kulendimana kanye naleyo eyandulelayo. “Bonke” abalandela u-Baal Peor babhujiswa; kepha “nonke nina” enanamathela kuJehovah niyaphila. Kwakungekho ukuba phakathi nendawo; futhi akukho namanje. Sihamba noma simelene noJesu *(Matt. 12:30)*.

Igama lesiHeberu lika “Namathela,” dbg, livama Ukukhomba ekuzinikeleni okuqinile kokuhambisana nalokho okungaphandle kuwe. Isisekelo esifanayo sesiHeberu sisetshenziswe kuGenesisi 2:24, lapho indoda ishiya Umndeni wayo futhi “inamathela” kumkayo *(buka futhi u-Ruth 1:14)*. Kulengqikithi, liqhamuka izikhathi ezevile kwezine KuDuteronomi *(Dut. 10:20, Dut. 11:22, Dut. 13:4, Dut. 30:20)*, futhi isikhathi ngasinye umqondo wawufana: bona, abantu, kwakumele banamathele kuNkulunkulu wabo. Okungukuthi, kwakumele bazinikela Kuye ukuze bathole amandla Kuye.

Okubalulekile ukuba sikukhumbule ngukuthi abantu bayisihloko sesenzo: kumele kube yibo abanamathelayo. Kumele benze isinqumo “sokunamathela” kuNkulunkulu bese, ngamandla Akhe, bagweme Ukuwela esonweni.

Funda: uJuda 24 no-1 Korinte 10:13. Yini eshiwo lapha kwiTestamente Elisha etholakala futhi kuDuteronomi 13:4 na?

_____

_____

UNkulunkulu wethembekile; uNkulunkulu unako ukusigcina singawi. Kodwa kumele senze isinqumo esiqwashile, njengalokhu abathembekile benza e-Baal Peor, sokunamathela kuNkulunkulu. Uma kunjalo, singaba nesiqiniseko sokuthi, noma yisiphi isilingo, singathembeka njalo.

Izinto ezinjenomkhuleko, ukufunda iBhayibheli, Ukukhonza, kanye nekudlelana nabanye zisisiza kanjani ekunamatheleni kuJehovah na?

Ngokuba Yisiphi Isizwe Esikhulu Kangaka na?

Okulandela izindimana ezimbalwa ngemuva kukaDuteronomi 4:4 ngezinye zezindimana ezijulile nezinhle kakhulu kuzo zonke Izibhalo (isiHeberu sihle kakhulu!). othile angasho ukuthi, empeleni, umbiko kaDuteronomi utholakala lapha, futhi konke okunye kuyinkulumo nje. Lapho ufunda lemibhalo, cabanga ngezindlela ezahlukene isimiso lapha esingasetshenziswa ngaso kithina namuhla, ngokufanayo.

Funda: uDuteronomi 4:5-9. Kungani uJehovah ngoMose asho lokho akusho kuIsrayeli lapha na?

_____

_____

UJehovah ufuna abantu babone ukuthi babiziwe, bakhethelwa, isizathu esikhethekileyo. Bayisizwe "esikhulu," njengalokhu uNkulunkulu atshela uAbram obizweni lokuqala ekhishwa kwelamaKhaledi ukuthi, " 'Ngiyokwenza wena isizwe *esikhulu*' " *(Gen. 12:2, NKJV; buka futhi uGen. 18:18)*.

Kodwa inhloso yokubenza isizwe esikhulu kwakungeyokuba babe "yisibusiso" *(Gen.12:2)* kuyo "yonke Imindeni yomhlaba" *(Gen. 12:3, NKJV)*. Futhi nakuba isibusiso esikhulu kunazo zonke kwakuzoba ngukuthi uJesu, uMesiya, wayezofika ngesizukulwane sabo, kuze kube yilesosikhathi kwakumele babengukukhanya kwezwe. " ' "Ngiyakukubeka ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso yami kuze kube semkhawulweni womhlaba" ' " *(Isa. 49:6, NKJV)*. Akukona ukuthi usindiso lwalutholakala kubo, kepha ukuthi, ngabo, uNkulunkulu weqiniso, okunguye kuphela ongasindisa, kwakumele ambuleke.

UIsrayeli wayekhonza uNkulunkulu owadala konke, uJehovah wezulu nomhlaba; abahedeni babekhonza amadwala, amatshe, izingodo, kanye namadimoni *(Dut. 32:17, Hub. 106:37)*.

Maye umehluko ongaka!

Kulezizindimana, uMose wakhomba ezintweni ezimbili ezazenza uIsrayeli akhetheke. Eyokuqala, uJehovah wayeseduzane kubona, njengalokhu ayekhona ngendlela eyodwa ngendawo engcwele, futhi okwesibili, ngenxa "yezimiso nokwahlulela okulungileyo ezikulomthetho." .

Funda: uDuteronomi 4:32-35. Yikuphi okunye uJehovah ayekusho kubo okwakumele kubenze babone ukukhetheke kobizo lwabo na?

_____

_____

Ngokungangabazi, uIsrayeli wayenikezwe okuningi. Manje, bebezosabela kanjani na?

Ukuhlakanipha kanye Nokuqonda Kwakho

UDuteronomi 4:1-9, njengoba sibonile, wawuyinkulumo enamandla engabhekisile nje kuphela ekukhethekeni kwesizwe kodwa nokomsebenzi waso, ngokufanayo. Kuthungelwe kuzo zonke lezizindimana ngumqondo wokuthi babedinga ukulalela, ngokulandela, nokwenza ababeyalelwe kona nguJehovah.

Funda: futhi uDuteronomi 4:6. Yikuphi okuqondile uJehovah athi kungu "kuhlakanipha" no "kuqonda" kwabo phambi kwaleziziwe na?

_____

_____

Ekubukeni nje kungabonakala sengathi izimiso kanye nokwahlulela yikona okwakuqukethe Ukuhlakanipha nokuqonda. Kodwa lokho akukona okushiwo ngumbhalo. UJehovah wayebafundise izimiso kanye nokwahlulela, yebo; kodwa Ukuhlakanipha nokuqonda kwabo kwakuza *ekukugcineni kwabo, ekulaleleni kwabo.* Ukulalela kwabo—lokho kwakungukuhlakanipha nokuqonda kwabo.

UIsrayeli ngabe baba nohlelo olumangalisayo lomthetho kanye nezimiso umhlaba ongakaze ulubone (empeleni kwakunjalo), kodwa kwakukuhle ngani konke lokho uma uIsrayeli engakulandeli na? Kunalokho, Ukuhlakanipha kwabo, ukuqonda kwabo, kweza ekubonakalisweni kweMithetho kaNkulunkulu ezimpilweni zabo. Kwakumele baphile amaqiniso uJehovah ayebanikeze wona, futhi lokho babengakwenza kuphela ngokulalela. Konke ukukhanya kanye nalo lonke iqiniso kwakungeke kubenzele bona noma abahedeni okuhle uma uIsrayeli engaliphili leloqiniso. Yingakho, ngokuphinda phindiwe babebizelwa ekulaleleni, ngoba ukulalela kwabo izimiso nokwahlulela, hhayi izimiso nokwahlulela ngokwako, kwakubalulekile, ukuze babengufakazi ezweni.

"Ukulalela kwabo umthetho kaNkulunkulu kwakuzobenza isimangaliso sempumelelo phambi kwezizwe zomhlaba. Yena owayengabanikeza Ukuhlakanipha kanye nekhono kulo lonke uhlobo lomsebenzi onobuciko wayezoqhubeka abe nguThisha wabo, futhi abenze bahlonipheke futhi baphakame ngokulalela imithetho Yakhe. Uma belalela, babezovikelwa ezifweni ezazihlasela ezinye izizwe futhi babusiswe ngamandla engqondo. Inkazimulo kaNkulunkulu, ubukhulu namandla Akhe, kwakumele kwembuleke ekuphumeleleni kwabo. Kwakumele babe ngumbuso wabaristi namakhosi. UNkulunkulu wabahlinzeka ngakho konke okokuba babe yisizwe esikhulu kunazo zonke emhlabeni."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, p. 288.

Funda uMathewu 5:13-16. Kulezizindimana, uthini uJesu kithina okubonakalisa okufana nalokho ayekusho kuIsrayeli wasendulo na? Lokho kumele kusebenze kanjani kithina, ikakhulu, njengama-Seventh-day Adventist na?

Cabanga Kabanzi: "Kusukela ekuqaleni Kwempikiswano enkulu ezulwini kube yinhloso kaSathane ukuwisa umthetho kaNkulunkulu. Kwakungukufeza lokhu angena ekuhlubukeni kuMdali, futhi nakuba axoshwa ezulwini uqhubekile naleyompi lapha emhlabeni. Ukukhohlisa abantu, ngalokho abaholele ekuphuleni umthetho kaNkulunkulu, ngumgomo awujaha ngokuqiniseka. Noma lokho kwenzeka ngokuwuchitha ngokuphelele umthetho, noma ngokulahla owodwa kuwo, umphumela ugcina ufana. Lowo ophula 'owodwa,' ubunisa ukunengwa yiwo wonke umthetho; Ithonya lakhe kanye nesibonelo kusohlangothini lwesono; uba 'necala yawo wonke.' Jakobe 2:10."—Ellen G. White, *The Great Controversy*, p. 582.

Mayelana ne-Baal Peor, u-Ellen White wabhala: "Banyathela endaweni engavumelekile, futhi babhajwa ogibeni lukaSathane. Beluthwe ngumculo kanye nokudansa, futhi behehwe wubuhle bezithixo zabahedeni, balahla ."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 454.ukwethembeka kwabo kuJehovah. Lapho bezihlanganisa nenjabulo kanye nedili, ukuzitika ngewayini kwafiphaza imizwa yabo futhi kwadiliza izithiyo zokuzithiba. Inkanuko yalawula ngokuphelele; futhi sebengcolise unembeza wabo ngenhlamba, badonseleka ekukhothameleni izithixo. Banikela phezu kwama-altare abahedeni futhi bathatha iqhaza emikhubeni enyantisa kunayo yonke."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 454.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1 Cabanga ngezindlela thina ma-Seventh-day Adventist esisendaweni uIsrayeli wasendulo ayekuyo. Cabanga ngakho konke esikunikeziwe ngokuqhathaniswa nezwe elisizungezile futhi, yebo, ngokuqhathaniswa namanye amabandla. Umbuzo kithina, ke, yilo: Siphendula kanjani kulokhu esikunikeziwe na? Sikubonisa kanjani "ukuhlakanipha nokuqonda" kwethu phambi kwezwe na?

2 "Kodwa nina enanamathela kuJehova uNkulunkulu wenu nisekhona nonke nanamuhla." Futhi, isihloko sesenzo "enanamathela" ngabantu. uJehovah ngeke anamathela kithina ngokomqondo wokuthi ngeke asiphoqele kuYena. Kunalokho, ngokusebenzisa isipho esikhethekile sentando ekhululekile, kumele sikhethe ukunamathela kuYena. Lapho senza lesosinqumo, sikufeza kanjani futhi sinamathele kuYena na?

3 Gxila kakhulu embuzweni osekupheleni kwesifundo sangeSonto. Kusho ukuthini ukuthasisela noma ukunciphisa emthethweni kaNkulunkulu na? Ngaphandle kokusobala, okunjengokuguqula iSabatha, okunjengalokho kungenzeka kanjani ngesinyenyela size singaboni okwenzekayo na?